
ISOLEZWE
18 JUNE 2018



# UMnyango wezoLimo wethule isabelo-zimali sika 2.2 Billion wamaRandi

Ezinhlelweni ezibalulekile ezethulwe nguMphathiswa wezoLimo uMnu. Themba Mthembu, kubalwe ukumbiwa nokulungiswa kabusha kwamaDiphu ezindaweni zasemakhaya



UMthembu uthe izibalo ezikhombisa amazinga obubha kulelizwe ziyashaqisa futhi zikhombisa ngokusobala ukuthi kusamele kuqiniswe imikhankaso eqondene ngqo nokuthi kutakulwe abantu enhluphekweni.

Sisonke isabelo-zimali esethuliwe silinganiselwa ku-R2.2 billion kanti izinhlelo zezolimo zithole isabelo esithe xaxa kuneminye iminxa njengalokhu sihlinzekwe ngo-R1.7 billion.

Lokhu kukhombisa ukuzimisela koMnyango ukuletha uguquko kubantu abadla imbuya ngothi njengalokhu phambilini isabelo esikhulu besiqondene nezokuphatha eMnyangweni. IsiFundazwe saKwaZulu-Natali singesesithathu kuzwelonke silandela i-Eastern Cape neLimpopo ngamazinga aphakeme enhlupheko kubantu bakulezi ziFundazwe.

Ngaphansi kohlelo lwe-Food and Nutrition Security, olubhekele ukuba khona kokudla okwanele esizweni, uMnyango ukwazile ukuphumelela ukusiza imiphakathi ukuthi ithole izindlela zokulwa nendlala.

***Ngesabelo-zimali esedlule kusizakale imindeni engu-39 417 kusosonke isiFundazwe ngezinhlelo ezilandelayo:***

- Ukwandiswa kwesibalo sezingadi zomphakathi kanye nalezo ezitshalwa ezikhungweni ezehlukene
- Uhlelo lwengadi umuzi ngomuzi
- Kuphinde kwakhiwa izibaya zezimbuzi ukuze kulekelelwe abafuyi bezimbuzi kanye namahhoko ezinkukhu kuso sonke isiFundazwe
- Kuphinde kwatshalwa izihlahla zezithelo ngaphansi kohlelo olubizwa ngokuthi yi-One Household-One Fruit Tree

Nakuba uMnyango ukwazile ukuphosa esivivaneni njengalokhu uHulumeni uphume umkhankaso wokulwa nobubha kodwa zisekhona izinselele.

UMthembu esabelweni sakhe sezimali uthe kunemikhakha emithathu uMnyango ozofaka kakhulu amandla kuyona njengalokhu okusemqoka ekuphumeleliseni izinhloso zentuthuko emakhaya kwezolimo.

***Uthe kunemisebenzi eyisihlanu emikhulu abazogxila kuyo:***

- Ukubiyelwa kwamasimu
- Ukwakhiwa kwezigwedlo
- Ukumbiwa kwamadamu
- Ukwakhiwa kwamadiphu emfuyo
- Ukusungulwa kwamadlelo

Zonke izinhlelo zoMnyango ziklanywe ngendlela yokuthi ziqeqeshe futhi zifundise abantu ngezindlela eziphumelelayo zokulima ezihambisana nesayensi nesimanjemanje. Uthe kulo nyaka kuzophinde kubuyekezwe indlela yokuhlela nokudidiyelwa kwezinhlelo zoMnyango njengalokhu phambilini zike zabukeka zishaywa kakhulu yisimo sezulu.

Uthe ngemuva kokucabangisisa kahle bathole ukuthi eqinisweni akusona isimo sezulu kuphela esiyinkinga kodwa nokuhlelwa kwezinhlelo zoMnyango nakho kunomthelela yingakho kudinga ukufakelwa izibuko.

Okunye okuzosiza uMnyango kulo nyaka wezimali ukuba kwehliswe isabelo esibhekele ukusebenza koMnyango nokuphatha bese kukhushulwa esiqondene nezinhlelo zolimo ukuze kusheshe kube nomehluko kubantu emazingeni aphansi.

UMnyango uyalitusa iqhaza elibanjwe yiSilo SamaBandla ikakhulukazi ekuthuthukisweni nasekugqugquzeleni imiphakathi yasemakhaya ngokuzibandakanya nomkhakha wezolimo ukuze ixoshe ikati eziko.